# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***46/2013 Intshumayelo ngesonto 16 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 15. 09. 2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 182/190, noma 150/139, noma 289/222

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu onesihawu nothando nomusa, wena ohawukela izintandane nabafelokazi, hawukela nabo bonke abahluphekayo. Sicela nathi ukuba usihawukele thina-zoni ezidinga ukuba zithethelelwe ngomusa wakho ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 Thimothewu 1:7-10;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Johane 11:1-3.17-27.41-45/

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 123/298

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 7:11-16, lithi: "Kwathi ngangomuso (uJesu) waya emzini othiwa iNayini; kwahamba naye abafundi bakhe nesixuku esikhulu. Esesondela esangweni lomuzi, bheka, kwaphunyiswa ofileyo, indodana eyodwa kanina, yena engumfelokazi, nabantu abaningi bomuzi babenaye. Yathi iNkosi isimbona, yamhawukela, yathi kuye: Ungakhali. Yasondela, yathinta uhlaka; abaluthweleyo base bema. Yayisithi: Nsizwa, ngithi kuwe: Vuka! Ofileyo wavuka, waqala ukukhuluma; yamnika unina. Bafikelwa ngukwesaba bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Kuvelé umprofethi omkhulu phakathi kwethu, nokuthi: UNkulunkulu ubahambele abantu bakhe. Kwaphumela lelizwi ngaye kulo lonke iJudiya nakulo lonke langakhona." Amen.

**8. Intshumayelo:** Nina bathandekayo beNkosi yethu, ake sibeke indlebe, silalele lelivangeli lanamuhla, sizwe isimangaliso sokuvuswa kwensizwa yomfelokazi waseNayini. UJesu wayehamba nabafundi bakhe nesixuku esikhulu, ngangomuso, okusho ukuthi ngakusasa, wavuka wahamba nabafundi bakhe nesixuku leso esikhulu sabantu. Uma ufuna ukwazi ukuthi uJesu wayevela phi, uma eya eNayini, funda uqala evesini lokuqala, ukuzwa khona. Kwathi-ke

besondela esangweni lomuzi bengena emzini lowo, bahlangana nabantu bomuzi, baphuma nesidumbu sensizwa, beya emathuneni, iNkosi yamakhosi ihlangana nokufa esangweni. UJesu ebheka unina wensizwa, ubona emehlweni izinyembezi kunina, uyamhawukela, amduduze ngesimangaliso leso esikhulu sokuvusa indodana yakhe. **Masibheke isihawu seNkosi kithina bantu:**

1. Inesihawu kulabo abahluphekayo;

2. Iyathulisa inhliziyo edabukileyo.

3. Iqinisa ithemba labakholwayo.

1. **INkosi inesihawu kulabo abahluphekayo.** Sibona isihawu seNkosi yethu uJesu Kristu, ngokugcwaliseka kwegama lakhe elithi: Msindisi, Mphilisi, ngoba sithola lapha evangelini lanamuhla ukuthi ngokufika kukaJesu eNayini kwavela obala emehlweni abafundi nasesixukwini ubukhosi namandla eNkosi uJesu. Kwaqina ukukholwa kwabafundi, ngoba babonile esangweni iNkosi yokuphila ihlangana nenkosi embi engukufa. INkosi yokuphila uJesu wakwahlula ukufa ngokuvusa ofileyo. Umfelokazi waduduzeka ngesihawu sikaJesu, wapholisa inhliziyo yomfelokazi, wamesula izinyembezi.

Yebo, bandla, nanamuhla uMsindisi wethu usababona bonke abakhala kuye, usabaduduza nanamuhla ngokuthi: Ungakhali, nantu uthando lwami nomusa wami ovezelwe izoni. Lomfelokazi selokhu afelwa indoda wayethemba uJesu. Lokhu kuyimfundiso kithina futhi ukuthi ekuhluphekeni sibozinikela kuJesu. Yebo, ekuhluphekeni sibobambelela kuJesu, singamlahli uMsindisi wethu, sibolanda kuye amandla okuthwala usizi lwethu. Lowesifazane walanda kuJesu amandla, UJesu wamhawukela, wamqinisa kakhulu ngokuvusela indodana yakhe. UJesu unguMsizi wezintandana nabafelokazi. Phela uJesu akafani nabantu bezwe. Kubantu bezwe umfelokazi uyinto yokudelelwa, kakhulu esizweni sakithi asicabangi ngabafelokazi nangezintandane. Kanti uJesu uyabakhumbula abafelokazi nezintandane. Phela lapha akukhulunywa ngabafelokazi nangezintandane ezingamnaki uJesu, ngoba labo bazilahla bona ngokungazinikeli eNkosini, kepha bazinikela ebubini.

Bandla, thina sonke singathi singabafelokazi. Kufanele sivume, singaphiki ukuthi asisibo abafelokazi. Impela kukhona ebandleni lamaKristu abafelokazi abaningi. Phela labo abafelwa ukukholwa kwabo, abangasasonti, abangasamukeli isidlo seNkosi, abasakhiphi nezimfanelo zebandla. Okukuthi sebefelwe uthando, abasayithandi iNkosi. Nawe mngane, ake ufake isandla

esifubeni, uzihlole ukuthi uyazinikela eNkosini ngenhliziyo yonke na? Noma ungumzenzisi nje? Uma kunjalo, nawe ungumfelokazi.

2. **INkosi iyathulisa inhliziyo edabukileyo.** UJesu wasondela, wathinta uhlaka, abaluthweleyo bema. Wabesethi: Nsizwa, ngithi kuwe: Vuka! Kwaphela ukukhala, ofileyo wavuka, waqala ukukhuluma. UJesu wambuyisela kunina. Bathandekayo, lapha sibona ukuthuliswa kwezinhliziyo zabantu abadabukileyo. Ababelila kanye nonina wensizwa bathula ngenxa yesenzo seNkosi. Lelizwi lokuthi ungakhali lisabusa nanamuhla kithina makholwa. Methembe uJesu, uzinikele kuye, ubambelele kuye ophethe amandla okuphila, ngokuba uyisango ezulwini, ebukhosini obupheleleyo.

Laba ababephumisa ofileyo babemthwele ngohlaka. Phela nanamuhla abafileyo sibathwala ngenqola, noma ngeloli, noma ngesilibhi sezinkabi. Ngalesosikhathi abafileyo babethwalwa ngohlaka. UJesu wathinta uhlaka ngesandla sakhe, abaluthweleyo bathobela uJesu, bema. Ngakho nathi masifunde namuhla ukuthobela isandla seNkosi, noma ngelinye ilanga iNkosi ithinta umzimba wethu ngokugula. Kufanele sime, siyobuza ukuthi ngubani ongiloyile na? Masifunde lapha evangelini lanamuhla ukuba sithulise izinhlizyo zethu eNkosini. Futhi ekudabukeni kwethu sibombheka uJesu ukuthi kuyena osibonela okusifanele, noma kufanele siphile, noma qha. Njengoba phela wambonela umfelokazi ukuthi kungamsiza ukuba indodana yakhe iphile, kepha ke uJesu wamvusela kulokhukuphila. Thina masicele kakhulu ukuba iNkosi isivusele kukho ukuphila okuzayo kwaphakade. Uma siphilela uKristu, sinokuphila okuyikho nokusisindisayo. Masibambelele kuKristu owasinika ukuphila kwakhe ngokusifela esiphambanweni. Lapho sizothola khona ukuthula kwenhliziyo nokukanembeza.

3. **INkosi iqinisa ithemba labakholwayo.** Uma uJesu evusa lensizwa, kwabehlela bonke ukwesaba, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Umprofethi omkhulu uphakathi kwethu, nokuthi: UNkulunkulu uhambela abantu bakhe. Sengathi abantu baseNayini bathi: Hawu, kanti sihlala nomprofethi, uhlala nathi lapha emzini wakithi. Bandla, nathi siyafana nabaseNayini abathi: Umprofethi uhlala nathi. Wena muntu, ongafuni ukukholwa nguJesu, ungabaza ngaye, wena ongakholwa izindaba ezimnandi ezinguJesu, kepha okholwa izinganekwane nezindaba eziyize. Uma sewubona amandla eNkosi ekukhipha engozini ethile, bese umangale njengabaseNayini, uthi: Awu, Nkosi yami, ngaphose ngafa. Ukusho lokhu ngani na? Ngoba wena awumazi uKristu ukuthi ukhona phakathi kwethu izikhathi zonke, emini nasebusuku. UJesu uthi: NginguMalusi olungileyo. Kanti wena kawazi yini ukuthi umalusi uhlala phakathi kwezimvu azalusayo na? Usho njalo futhi uJesu uthi: Nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe. Ngakho

masingamesabi uSathane, noma ebhodla ebanga umsindo, ngoba sihlezi neNkosi eyamahlula uSathane.

Lwanda udumo lukaJesu kulo lonke iJudiya nakuwo onke amazwe angakhona. Lapha sithola indaba enkulu eyenzeka, abantu balwandisa udumo ngoJesu ngokushumayela kwabanye ngezenzo ezenziwe nguJesu phakathi kwabo. Umbuzo omkhulu phakathi kwethu namuhla uthi: Wena uyalandisa udumo lukaJesu phakathi kwabafelokazi owakhe nabo na? Mhlawumbe omunye uzothi: Angisiye umfundisi nomshumayeli mina. Phela ngithe uhlala nabafelokazi, ngisho nampa abantu ohlezi nabo bafelwe luthando, sebehlezi phansi, abasanaki lutho ngenkolo. Befela wena ophambi kwabo, owakhe nabo, ohambisana nabo. Ngakho unecala lemiphefumulo yabo. Nawe ubonile uzwile ngezenzo ezinkulu zeNkosi. Yandisa ke udumo lwayo. INkosi mayisiphe amandla! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu onesihawu, londoloza izwi lakho ezinhliziyweni zethu ezidabukileyo, ngokusiqinisa ethembeni lokukholwa kwethu. Sivikele, Nkosi, ukuba izinhlupheko zethu zingasahlukanisi nawe. Nkosi yokufa neyokuphila, sinike amandla okuqina ekuhluphekeni, size siphume kulemfunda yokukhala, singene embusweni wakho wokuthokoza, ngomusa wakho omkhulu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 124/343, noma 283/185, noma 299/226

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1967/2007 ngu-a. Sibiya ( † )

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.